# UTHANDO LOBUNKULUNKULU

. . . njengoba sisanda kushiya umhlangano, futhi saqala ngale ukubona owesifazane, umngane wethu, uNkk. Dobbleman, ngale e-Edmonton, e-Alberta. Futhi singamamayela angamashumi amabili nje ukusuka kulayini waseCanada, ngenkathi sithola izindaba zokuthi umfowethu ubefa. Ngakho-ke siphendukile, esiphephweni seqhwa, futhi saqala saphindela ekhaya ngqo, okusenza sibe nezinsuku eziyishumi nanye sihamba. Futhi singene sekuleyithi izolo kusihlwa, futhi sivuke leyithi izolo ebusuku, futhi ekuseni kakhulu futhi kulokhu ukusa, sikhathele kakhulu kakhulu.

2 Kodwa ngithe nje ngingafika kumama wami, ngemva kokuba sesithole indawo lapho ebesingaphinde sishaye ucingo futhi, uthe, "UMfowethu Neville kade engaphandle lapho." Lowo ngumelusi wangempela, bahlobo. Lokho ngokunye . . . Impela siyakuthakasela lokho. Manje, kungahle kungenzeki . . . Mhlawumbe, abathandekayo benu abakaze beze kuleyondawana, mhlawumbe. Kodwa ngehora lenhlekelele, lapho wazi ukuthi kukhona okwenzekayo, futhi wazi ukuthi umngane wakho uzonamathela ngakuwe. Futhi agijimele kumfowethu.

3 Bese kuthi-ke lapho ngihambile, ngithe nje ngingangena, ngivele ngashintsha izingubo zokugqoka futhi ngaphuma laphaya. Ubani engimtholile ekamelweni, emkhulekweni, ngaphandle kukaMfowethu Neville; phandle ekamelweni lapho noHoward, besemkhulekweni.

4 Ngi—ngiyabonga ngalokho. Futhi ngi—ngingamane ngikusho khona lapha emsamo, njengoba bengihlala ngikusho, "Ngingamane ngikunikeze umqumbe wezimbali omncane manje, kunomqhele wonke wezimbali emva kokuba usuhambile." Khona manje yisikhathi sokukwenza.

5 Futhi ngiyamthakasela uMfowethu Neville. Futhi ngiyazi sonke siyakwenza, ngakulelibandla, ngokuba ngumelusi oyiqhawe. Ukumkhombisa nje ukuthi nimthakasela kangakanani, phakamisani izandla zenu ka*nje,* kuNkulunkulu. Yilokho-ke. Ngiyabonga. Lokho kuyinto ngempela ukuthi . . .

6 Ngaya ekhaya; ngatshela umkami. Ngathi, "S'thandwa, ngenkathi ngihambile futhi ngangqongqoza emnyango . . . Ngathi shelele ngehlela ehholo, ngafunda ishadi, ngibona ukuthi ngempela yini ebingalungile. Futhi ngehlela lapho, futhi ngezwa okuthize phakathi lapho. Futhi ngavula emnyango. Ngacabanga ukuthi bekungothize ekhuluma. Ubemhlalise embhedeni neBhayibheli lakhe, nabo bobabili bebhekise amakhanda abo phansi, bekhuleka kuNkulunkulu, ngenkathi

ngingena. Bengingeke ngenze lutho ngaphandle kokumjoyina emkhulekweni."

7 Futhi—futhi, kanti futhi, umkhuleko wami, ngitshele uNkulunkulu ukuthi ngiyamthakasela umngane wangempela nomelusi wangempela. Futhi kwangathi uMfowethu Neville angaphila isikhathi eside kulelizwe, ukuba—ukuba akhonze iNkosi. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uye wamgcina lapha iminyaka eminingi, eminingi, ukuba aMkhonze, othile oyileloqhawe. Kushaye inhliziyo yami ngokujulile kunanoma yini engibe nayo esikhathini eside.

8 Manje, ngokuvamile, manje, ukuthi...Ikilasi likaSonto sikole alikakhishwa namanje, emuva ku—kubantwana. Ngakho-e ngicabangile, mhlasimbe, mhlawumbe sizokhulekela abagulayo. Angizange ngenze noma yisiphi isimemezelo sokungana, ngikhulekele abagulayo. Kodwa uma ekhona lapha ozokhulekelwa, khona-ke sizoba nomkhuleko wabo nje.

9 Manje, uma uDadewethu Gertie, uma ezokhuphuka, asidlalele *INyanga Enkulu*. Futhi sizocela uBaba wethu waseZulwini othandekayo, uma Ezobusisa labo abaMdingayo namhlanje. Khona-ke sifuna uku, bonke lowo ogulayo nabadingayo, qoqanani nizungeze nje i-altare.

10 Angiphosisi, ngabe lona nguNellie Sanders oza lapha na? He! UNkulunkulu akubusise, Nellie. Iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, sekube yiyo. UNkulunkulu akubusise, Nellie. Ngibuke ngale, esikhashaneni esedlule, futhi ngakubuka. Futhi bengingafuni ukuthi ucabange...ubuka, ugqolozele othize. Bengilokhu ngibuka emuva, futhi ngicabangile kubukeka kufana noNellie.

11 Akekho phakathi kwenu lapha mhlasimbe okhumbulayo. Ngiqagele abanye benu...Bangaki omkhumbulayo uNellie Sanders na? Awu, impela. Futhi wayengomunye wabokuqala abeza etabernakele. Yena nomkami osewahamba babengabangane besifuba nodade, kuKristu. Futhi bona... Washada ngapha, omunye weVolunteers of America, isikhulu kulomnyakazo. Futhi yena, umfowethu, usehambile ukuba abe noNkulunkulu. Emshiya, ngiyacabanga, nabafana ababili, ngiyacabanga; abanye abantwana, empeleni, abanye babo basesesikoleni. Futhi uNellie uzizulazulela yedwa, futhi ungena nje onyakeni yokwethuka nokucasuka ngempela. Wangishayela ucingo ngenkathi ngangisePhoenix, e-Arizona, emhlanganweni, ngomkhuleko. Izinto eziningi zibuyela emuva, Nellie, esikhathini lapho imvuthu yamapulangwe asahwayo kwiphansi, futhi wena noHope, leyo ntombazane yakwa-Adcock, futhi abaningi babo babevamise ukuba ngalapha. Lokho sekuyiminyaka eminingi edlule, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu edlule. Edlula ngakimi nje. Se—sehla ngomgwaqo, ngokushesha, lelo yiqiniso.

12 Awu, uNkulunkulu abe nani manje. Labo abagulayo futhi ufuna ukwenyukela ngase-altare azele umkhuleko, umelusi wethu nami sizohlanganyela ndawonye ezwini lomkhuleko senzele nina. Wozani ngaphambili ngqo.

13 Bese-ke, kancane, masinyane emva kwalokhu, uMlayezo omfushane kinina nje, wenkonzo yokushumayela. Ngifisa sengathi ningahlala. Sizophuma kanye nenkonzo kaSonto sikole, emva komkhuleko wabagulayo. Khona-ke sizongena ngqo kwenye inkonzo, futhi nginezimemezelo ezithi azibe mbili engifanele ngizenze.

> LeNyanga enkulu manje iseduze,
> UJesu onozwelo,
> Ukhuluma ezinhliziyweni eziyethile ukuba zithokoze,
> Alikho elinye igama kepha elikaJesu.

14 Manje, uma nje besingangena manje enhlanganyelweni yalomkhuleko, ukuphulukiswa komunye nomunye, sazi ukuthi uNkulunkulu ulapha, futhi wethembisa ukuphendula.

15 [UMfowethu Neville uthi kuMfowethu Branham, "Udade oyedwa angathanda ukuba nomkhuleko."—Umhl.] Yebo, lokho kulungile, sizokwehla futhi simkhulekele, inenekazi elihlezi phansi. Impela. Kulungile, Mfowethu Neville, ungeza, usize na?

16 Manje, uma nje nizohlonipha ngokuzithoba ngokungenzeka, abafo abancane bahlala ezihlalweni zabo. Futhi asikhuleke manje, ukuze kuthi lapho sesehlela phansi ukuyogcoba abagulayo nabahluphekileyo, sizoba nokukholwa kuNkulunkulu, ukuba sikholwe. Yibani nokukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza.

17 Nonke phandle lapho ezethamelini, lokho kulungile, kulokhu ukusa, anidingi ukuza nizungeze i-altare, cabangani nje manje, ukuthi, kwakungumusa kaNkulunkulu onilethe lapha. Manje khulekelani laba abanye abase-altare lapha, abasha nabadala.

18 Njengesiko labo lapha etabernakele, sithumela umelusi, agcobe. Siyabakhulekela. Bese-ke sithumela umelusi, agcobe. Ngiza kanye naye, ngibeka izandla phezu kwabagulayo, ngenkathi esabagcoba. UmBhalo, "Gcoba abagulayo ngamafutha, eGameni leNkosi. Beka izandla phezu kwabo, futhi bayosinda." UmBhalo!

19 Manje, nonke, ndawonye, njengoba nisakhothamisa amakhanda enu manje, sisanikela umkhuleko wabagulayo ndawonye.

20 Baba wethu waseZulwini, siza ngokuzithoba eBukhoneni baKho bobuNkulunkulu khona manje, ngendlela yabadingayo, abagulayo, labo abangakwazi ukuzisiza. Futhi abaningi babo, Baba, bedlule usizo lukadokotela. Akukho okungenziwa

ngaphandle komusa waKho ukuba welulelwe kubo. Ngiyakhuleka, ngokuzithoba, namhlanje, Nkulunkulu, ngayo yonke inhliziyo yami, ngokuhlanganyela nalelibandla elincane, ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu, okhona manje, ukuqinisekisa iZwi leNkosi uJesu elathi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, ngiyoba phakathi kwabo. Uma becela utho, njengokuphathelene nanoma iyiphi into ethize, bayokwemukela." Lelo yiZwi laKho laPhakade, Nkosi, elakhulunywa ngisho ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kwanikezwa thina ngomProfethi, yiNdodana kaNkulunkulu, uqobo lwaYo.

21 Manje, isifiso sethu esijulile manje, Baba, ngukuthi Wena uphulukise abagulayo, abadingayo olapha ozungeze i-altare. Ngikhulekela ukuthi Uzonikeza ngamunye isibusiso esikhethekile sokukholwa manje nje. Ukuthi, njengoba sihamba, inceku yaKho nami uqobo, ukugcoba nokubeka izandla phezu kwabantu, sengathi uMoya oNgcwele ungelulekela phansi ekujuleni, ngokukholwa enhliziyweni yami, futhi sengathi ngamunye angaphulukiswa. Sicela eGameni likaKristu, ngenxa yaKhe.

22 Manje amakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu esemkhulekweni, umelusi nami ngiyahamba ngiyokhuleka. [Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Branham noMfowethu Neville bakhulekela abagulayo.—Umhl.]

IZulu nomhlaba kudumisa Wena,
IZulu nomhlaba kudumisa Wena,
O Nkosi, ePhezu Konke.

23 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngesifundo sikaSonto sikole, ukuthi sishukumise kanjani izinhliziyo zethu. Kwangathi singazibopha kulokhu ukusa, futhi sihambe siphume ematilongweni okungakholwa, futhi sikhululeke lapho sihamba. Siyazi ukuthi iNgelosi yeNkosi izohamba phambi kwethu, iqinisekisa iZwi likaNkulunkulu, futhi isikhulule sonke ematilongweni okwesaba, nokugula, nosizi, nesifo, nokuhlupheka, ngokuba uNkulunkulu uthembisile ukukwenza. Wonke umuntu ovalelwe kulolohlobo lwezimo, kulokhu ukusa, kwangathi ukuKhanya kukaNkulunkulu kungakhanya phezu kwabo, ngalolusuku nje. Futhi kwangathi bangahamba besuka lapha, umuntu ophilile. NgiyaKubonga ngoMlayezo nangeZwi laKho, ngobuholi bukaMoya oNgcwele. Siphe lezizibusiso, Baba. Futhi manje yiba nathi enkonzweni yokushumayela yalokhu ukusa, okomncane, uMlayezo omfishane ozayo. Sicela eGameni likaKristu. Amen.

24 Manje, okwemizuzwana ethi ayibe mibili nje, labo okumele bahambe manje, asime nje sisacula ihubo. Nakub-. . .*Hamba NeGama LikaJesu*. Labo okufanele bahambe bangakhululwa.

Labo abangahlala eminye imizuzu engamashumi amathathu, singajabula ukuthi nihlale. Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka no . . .

Phendukani ngqo futhi uxhawule umuntu oseduze kwakho.

. . . yakukunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe noma uyakuphi.

Gama eligugu, Gama eliligugu; O limnandi kangaka! O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba . . .

[UMfowethu Branham ukhuluma nomunye emsamo—Umhl.]

Futhi . . .

25 Amen. Hlalani phansi. Futhi iNkosi inibusise nonke, ngokucebe ngempela, kuhle. Ngisanda kuqaphela, sinabanye be *The Herald of Faith* lapha, uhlelo oluncane, iphepha elincane likaMfowethu Joseph Boze eChicago, umfowethu okahle kakhulu. Thina njalo . . . Sibe nenhlanganyelo enkulu kangako, omunye nomunye. Siba nesikhathi esihle njalo uma siya eChicago. Kanye naye nje, ebusukwini obumbalwa obedlule, futhi. Futhi bakhululekile. Woza nje, uzitholele eyodwa, emva kokuba inkonzo isiphelile. Ilele phansi lapha.

26 Manje, siyajabula ukubona abaningi benu besabambelele kuKristu. Futhi manje, okwemizuzwana embalwa nje yesikhathi senu, ngithanda ukukhuluma okuthize nje, ngenxa yokuba lapha kanye nani.

27 Ngikhathele. Iphimbo lami liphansi. Futhi ngibe nemihlangano emikhulu. E-Indianapolis, kwakungomkhulu, umhlangano onzima. Futhi ngalobobusuku sasijabula kakhulu ukubona amakhulu ehla edabula kulelotabernakele, cishe abantu abayizinkulungwane eziyishumi behlezi, behla ukuzonikela izinhliziyo zabo kuKristu, ngobusuku.

28 Futhi uRussell Ford nabanye, ukuthi baxhuxhuma kanjani. No—nomsebenzi ukuthi uCadle, uMfowethu Cadle awuqala eminyakeni edlule, usaqhubeka. Niyazi, ngingathanda ukuba nendawo efana naleyo, ngesinye isikhathi. Ingenye yezindawo enkulu kunazo zonke engike ngazibona, ukuthi nje yalungiswa kanjani. Futhi kukhona nje okuthize ngabo, lapho. Ngicabanga ukuthi nginobuphakuphaku. Uma ngibona umsebenzi omkhulu omunye awuqalile, ngiba nomuzwa ngalokho.

29 Manje, njengoba ngishe izwi, futhi kade siphezulu entabeni, sizama ukufinyelela kowesifazane ogulayo, umngane wethu, le enhla eCanada. Bese ngilungele ukuwela umngcele, ngenkathi ngizwa izindaba zokuthi umfowethu ubefa, futhi ngabuyela emuva. Futhi sashayela usuku singena siphuma, futhi ubusuku singena siphuma, sibe nezinsuku eziyishumi sihlezi kuleyomoto.

Ngakho-ke ningacabanga ukuthi uzizwa kanjani kulokhu ukusa.

30 Futhi, kodwa, ngiyabonga kini nonke, futhi, ngokukhulekela umfowethu, ngoba yena, kubukeka sengathi, usendleleni yakhe yokululama futhi. UNkulunkulu umnike elinye ithuba. Futhi ngakho-ke ngi—ngiyanibonga, futhi ngidumisa uNkulunkulu ngazo zonke izinto.

31 Izinqumo eziningi ezinkulu okusamele zenziwe. Uhambo lomhlaba wonke luyeza. I-Afrika ingikhanyisa ebusweni. Futhi izindawo yonke indawo, ngize ngingazi ukuthi ngijikele ngakuphi, yonke indawo, yonke indawo. Futhi kukhona cishe, okungenani eziyishumi noma ngaphezulu, ezinkulu, izinkomfa ezivelele ezikhona njengamanje, futhi ngayinye ibiza ukuthi kuyiwe kuyo. Ngifanele ngenze uhlobo oluthile lwesinqumo, amahora angamashumi amabili nane alandelayo, kanjalo okomnyakazo olandelayo. Ngakho-ke, ngikhulekeleni. Ngikhulekeleni. Futhi ngi—ngidinga imikhuleko yenu.

32 Ngiyethemba, ukuvala leso sishayisamoya, akunikhathazanga nonke lapha ngaphambili kakhulu, umzuzu.

33 Ngi—ngiye ngahlangana nezinto eziningi kakhulu empilweni yami, ngokuhambela iNkosi, kuzo zonke izinhlobo zezimo nezifo ne—nesifo sochoko. Futhi ngigone abanochoko, futhi ngabaxhawula, futhi—futhi lonke uhlobo lwesifo. Futhi ngangena emawodini ahlukaniselwe umuntu ngamunye namakamu, nakho konke, emhlabeni jikelele, ngokwenza ngqo.

34 Futhi a—a—angiseyena umfana nhlobo. Nellie, ngicabanga ukuthi uyakwazi lokho. Futhi ngikhuphukela ngasonyakeni . . . Khona-ke ngizwa ngoMfowethu Bosworth, ngelinye ilanga phezulu lapho, cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala. Futhi yena, ngenkathi ngise-Indianapolis, wayenehlule legazi ligijimela enhliziyweni yakhe. Wayenemishikashika yokufa emphinjeni wakhe, equlekile. UNkk. Bosworth wafona ukuze akhulekelwe.

35 Ngawelela lapho, futhi sakumemezela futhi saqala ukukhuleka. Ngosuku olulandelayo, wangibiza, wathi, "Ngingathanda ukuba semhlanganweni nawe, ngesinye isikhathi." Khona-ke ngizwa kanjalo lapha, eminyakeni engamashumi amane nesikhombisa ubudala, ngifanele ngibe namahloni ngami. Kodwa nje—kodwa nje ingxenye yomuntu, ngiqagele.

36 Kodwa, o, kusemqoka kanjani, nokuthi kumangalisa kanjani! Ayikho into efana nokusindiswa! Ukusindiswa! Ukuthi, awuqondi, mngane, ngineqiniso, ukuthi udeveli uyakugwema lokho kusuke kuwe ngakho konke angakwenza, (uyangenzela), ukubona ukuthi liyini inani lomphefumulo. Senake nacabanga nje ukuthi liyini, nokuthi iPhakade lisho ukuthini, nokuthi uyoba ngaleyondlea kuze kube nini na?

Niyabo? Niqonde, ukuthi lesi yisikhathi lapho wenza khona isinqumo sakho saPhakade.

37 NgeSonto eledlule, nginani lapha, ngikholwa ukuthi ngishumayele ngesiqiniseko, amandla uNkulunkulu ayewathembisile; futhi wakugcoba futhi wakubiza ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi wafaka igama lakho eNcwadini yaKhe. Wawungahlanganise lutho nakho. UNkulunkulu wakwenza. Akumangalisi lokho na? IWundlu lahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi (ngani na?) akuzange kwenzeke kwaze kwaba yiminyaka eyizinkulungwane ezine kamuva. Kodwa, uNkulunkulu, ngenkathi Ekukhuluma, Wayefanele akwenze, ngoba Uzofanele aligcine iZwi laKhe. Futhi ngesikhathi esifanayo iWundlu elalotshwa ngaso phansi, elakho. . .walotshwa kanye naLo. "Amagama ethu alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu," hhayi ngobusuku esiza ngabo kuKristu, kodwa, "ngaphambi kokusekelwa kwezwe," iBhayibheli lasho. Ngakho-ke leso yisiqiniseko. Futhi umfowethu uthintile kulokho kulokhu ukusa kulokhu kufunda kukaSonto sikole okumangalisayo.

38 Manje asifunde ngokomBhalo ndawo ndawo, kancanyana nje. . .Ngifuna. . .into ethize nje esenhliziyweni yami. Ngizothanda nje ukuyikhuluma imizuzwana embalwa, bese kuthi-ke sizobe sesiyaphuma. Futhi lindelani izinkonzo futhi kulobubusuku. Futhi manje, nginomlayezo enhliziyweni yami, ngiza ngehla ngelinye ilanga, futhi ngifuna, uma uNkulunkulu ethanda, uma ngibuyile lapha ngeSonto elizayo ekuseni, ukuwuletha etabernakele okokuqala. Into ethize nje esenhliziyweni yami, yesikhathi.

39 Ngingena endaweni ukuba ngiyokudla. Futhi ngicabangile, "Awu, ngabe ngiyasangana na? Yini indaba ngami na? Angikwazi ukumela lomculo nakho konke lokhu lapha izinto abanazo namuhla, laba besifazane abayiziwula becula, 'Phansi, bephuma e—esigodlweni esinamazinyo endlovu,' noma. . .futhi konke lokhu." Ngathi, "Kufanele ukuthi kukhona okungalungile ngami."

40 Futhi uMoya oNgcwele wathi, "O, qhabo. O, qhabo. Uma uthanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe."

41 Ngakho-ke ngacabanga, "Awu, khona-ke angifuni ukulinganiswa nalelizwe. Kunjalo."

42 Kwase kuthi-ke uMoya oNgcwele uqala ukwembula loMlayezo kimi. Bengingeke ngibe naso isikhathi kulokhu ukusa; bengikhathele kakhulu, ngaphandle kwalokho. Mhlawumbe, iNkosi ithanda, ngeSonto elizayo ekuseni, uma sisekhona. Nginohambo okumele ngilwenze kuleliviki. Kodwa uma ngisekhona ngeSonto elizayo ekuseni, uNkulunkulu ethanda. UMfowethu Neville uzokumemezela ekusakazeni

kwakhe, ngoMgqibelo. Futhi sizongena, sizame ukuletha loMlayezo. Futhi ngifuna ukuzama ukuWuletha ngandlela thize. NguMlayezo weVangeli wosuku, ihora, nenkathi.

43 Okungukuthi, ngibikezele, ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, ukuthi lona bekuwunyaka wokuvala weMelika. Futhi sizobona ukuthi ngabe kunjalo, ngokweVangeli, noma qha. Lesi yisikhathi lapho ingasekho. Kuphakathi kokuthi iyakhuphuka noma iyehla, kulonyaka. Kunjalo.

44 Manje, nina bantwana abancane, ngifuna nizilethele isiqeshana sephepha, futhi nibhale ekhasini elingenalutho lokugcina leBhayibheli lenu, ukuthi uma uMfowethu Branham esevele edlulile, mhlawumpe, nizobona ukuthi ngabe ngangiqinisile noma nganginephutha. Niyabo? Futhi niyokwazi noma ngabe iNkosi isakhuluma nami, niyabo.

45 Manje, kwabaseRoma isahluko 4, ngifuna ukufunda nje okwe—ingxenye yeZwi, ukuba ngiqhubeke.

> *Ngakho siyakuthi u-Abrahama ukhokho wethu,. . . kwenyama, uzuzeni na?*
>
> *Ngokuba uma u-Abrahama walungisiswa* ngomsebenzi, *unakho ukuzibonga; kodwa phambi kukaNkulunkulu qha.*
>
> *Ngoba umbhalo uthini na? U-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwambalelwa ukuthi kungukulunga.*
>
> *Kepha kosebenzayo umvuzo awubalelwa ngokomusa, kodwa ngokwemfanelo.*
>
> *Kepha kongasebenziyo, kodwa ekholwa nguye olungisisa ongamesabi uNkulunkulu, ukukholwa kwakhe kubalelwa ukuthi kungukulunga.*

46 Futhi sengathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo eZwini. Manje indaba encane, uma bengayibiza kanjalo, engifisa ukukhuluma ngayo kini, ithi: *Uthando LobuNkulunkulu.* Futhi lapho uthando lobuNkulunkulu luveziwe futhi lufika esiphethweni salo, umusa omkhulu uthatha indawo yawo. Niyabo? Manje ningacabanga ngalokho na? Manje dlinzani ngakho, ukuze sikuthole ngokusondele ngempela manje. Niyabo? Lapho uthando lobuNkulunkulu luveziwe futhi lufika esiphethweni salo, khona-ke umusa omkhulu uyengamela.

47 Manje sekuyi—into exakile ukuthi kanjani ukuthi abantu, uhlobo lwabantu nalokho esikwenzayo, ekuhlanganyeleni kwethu. Manje, sonke sifanele sibhekane nalamaqiniso, ukuthi kunabantu othandayo nje ukuba ngakubo. Futhi kunabantu abangabantu abakahle, futhi uyabathanda, kodwa nokho kukhona okuthile ngomuntu ukuthi wena nje—wena nje kunzima ukuhlala ngakubo. Manje sifuna ukukhuluma ngeqiniso. Manje, isizathu sokuthi kunjalo, kungenxa yesimo

sendawo leso umuntu ngamunye, ngokwakhe owesilisa noma ngokwakhe owesifazane, asidalayo.

48 Ngoba, wena ungumdali omncanyana, ngoba ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Kungenandaba ukuthi usume kade kangakanani esonweni, nisalokhu ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ngoba niwile, nonakele, emphefumulweni wenu nasengqondweni. Kodwa uNkulunkulu unguMdali wenu. Futhi esimweni senu esiwile, nilahlekile, indalo engaphelile kaNkulunkulu, ebuswa kakhulu ngudeveli, kunjalo, kodwa nisalokhu ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. "Akathandi ukuba kubhubhe namunye wenu, kodwa bonke beze ekuphendukeni." Niyabo? Futhi Wenze konke lokho—lokho okuhlezi kungokunokwenzeka ku . . . UNkulunkulu kuphela qobo lwaKhe obengenza lokhu, ukunikeza a—amathuba esidalweni saKhe, ukwamukela nokuba yilokho afuna ube yikho, ubuyele esimweni sakho esifanele futhi. Futhi akekho umuntu . . .

49 Manje nakhu-ke, futhi kubukhali kakhulu: Kodwa akekho umuntu osesimeni sabo esikahle ngokwengqondo baze ukube sebemukele iNkosi uJesu. Lelo yizwi elijulile, kodwa lelo yiqiniso. Akekho umuntu okahle ngokwengqondo, kuze ukuba sebemukele uKristu Jesu njengoMsindisi womuntu siqu. Lokho kuzwakala kuxak- . . . Kodwa yiBhayibheli. Impela, lelo yiqiniso. UnguYe. Futhi esidalweni sakho esidaliwe . . . Manje, uzosangana, ezweni, uma wenza lokho. Ngoba, ufanele uphume esimweni sendawo okuso, ungene kulesi esinye isimo sendawo. Uma wenza lokho, uNkulunkulu uyakuphakamisa ngqo akususe ezweni, futhi uphila esimweni sendawo yasezulwini. Niyabo? Bese kuthi-ke, ezweni, uphambene nje nalokho okuyikho. Niyabo? Futhi Lokhu kuphambene nezwe. Niyabo?

50 Manje ofuna ukukwenza, ukuphakanyiswa nguKristu, ungene e—esimweni sendawo, uye lapho ujabule khona, unokuthula. Bese kuthi-ke, phakathi lapho, udala isimo.

51 Futhi manje, izikhathi eziningi, thina emabandleni . . . Lokhu kungahle kubonakale kuxakile, kodwa uma nje uzokubhekisisa. Manje, lokhu okwebandla, ngokwabantu. Abantu bathola umoya womunye nomunye, esikhundleni sokuthola uMoya oNgcwele. Wena ngena eqenjini labantu, bhekisisa indlela loyomuntu aziphatha ngayo. Na—nalabobantu abalungile abeza kuleyo nhlangano yebandla, into yokuqala uyazi, baziphatha ngendlela efanayo. Wena njalo . . .

52 Uthatha owesifazane omuhle nowesilisa omubi; futhi kuphakathi kokuthi uzozwa . . . Kuphakathi kokuthi uba ngowesilisa olungile, noma yena owesifazane abe ngowesifazane omubi. Futhi isimo sendawo ohlala kuyo, wena uveza kohambisana nabo bakho lokho oyikho.

53 Khona-ke hlobo luni lwabantu ebesifanele sibe yilo uma singumKristu na? Hlobo luni lwesimo sendawo esifanele sihlale kuso na? Esimeni sendawo esiduduzayo, esipholile, esiphilisayo, esifanele sihlale kuyo, nezinhliziyo zethu zisemkhulekweni njalo njalo, ngothando olujulile ngawo wonke umuntu esihlangana naye. Futhi lokho kube . . .

54 Uma ngisho lokhu, ebandleni elincane elingikhulekelile, ngomsebenzi wezwe, lokho impumelelo yami ekukhulekeleni abagulayo. Uma ngingakwazi ukungena phansi ngqo emzweni wokugula kanye nomuntu, ngokuvamile akusizi ngalutho. Uzofanele wehle ngqo kuze kuthi nje . . . Futhi uyakuzwa, ngokwakho.

55 Lapha esikhathini esithize esedlule, indoda endala yaseMexico ezansi lapho emsamo, ngenkathi igijima iya emsamo. Ukukholwa okukhulu, yawa, yagxavuna irosari layo. Nga—ngayitshela, “Akudingekile,” futhi ngomhumushi, uMfowethu Espinoza. Ngakho-ke, yasukuma. Yangigaxa ngezingalo zayo, yaqala ukuhamba ngandlela thize. Yayiyimpumputhe. Ngayibuka. Ngazibuka lezozinyawo ezindala ezishwabene, mhlawumbe ingakaze igqoke ipheya lezicathulo, empilweni yayo. Ngabuka izicathulo zami, ngibone ukuthi zazizoyilingana yini. Ngangizoyinikeza izicathulo zami. Yayiyimpumputhe. Ngase ngibuka, yayibanzi ehlombe layo. Indoda enkulu, yayisinda amakhulu amabili nento, ngiyacabanga. Yayingeke ikwazi ukugqoka ibhantshi lami.

56 Futhi lapho isamile lapho, nezinwele ezimpunga, ngacabanga ngobabayi wami. Ngacabanga, “Ukube ubabayi ubephile cishe waze waba kulonyaka, ubeyothi akabe cishe nonyaka ofanayo, indoda njengalena, cishe iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu noma amashumi ayisikhombisa ubudala.” Futhi ngangena othandweni lwaleyondoda, indlela engacabanga ngayo. “Mhlawumbe yayingakaze ibe nokudla okuhle, empilweni yayo. Mhlawumbe ayikaze ihlale phansi etafuleni, empilweni yayo.” Futhi konke lokhu, bese kuthi-ke ihamba ebumnyameni.

57 Khona-ke iNto ethize ingena enhliziyweni yami. Nkulunkulu yiba nomusa! Iyindoda. Ingumfowethu. Khona-ke, ngenkathi Lokho kugadla, kukhona okuthize okugcobayo. Kukhona indalo ezungezayo, futhi wena u . . . Kuqondiswe kulomuntu. Emizuzwaneni embalwa, ngayizwa impongoloza okuthile phezu kwehlombe lami. Futhi yayimpongoloza, “Sengiyabona. Sengiyabona.”

58 Kwakuyini na? Uthando lobuNkulunkulu. Uzwelo lwaluvezwe, ngoMoya oNgcwele, kulendoda. Futhi ngalokho, ekupheleni komgwaqo, lapho ebingeke . . . Akukho obekungenziwa. Futhi uthando lwaluthathe indawo yalo, nothando lwaluhlangane nothando, khona-ke umusa omkhulu

waqala ukusebenza. Futhi uNkulunkulu, ngomusa omkhulu, wabuyisela ukubona endodeni. Niyabo? Okokuqala, ufanele ungene kulowo mcabango.

59 Yileyondlela okufanele wenze ngayo esonini. Abantu abaningi bakhulekela izoni. Lokho kulungile. Kodwa leyo akusiyo indlela yokuzuza isoni. Kungumsebenzi wakho ukuzuza isoni. Awusizuzi ngokusikhulekela. Usizuza, usizuza—zuza ngokukhuluma naso, nokwethula kuso, uKristu. Lowo umsebenzi wakho. Lowo ngumsebenzi wakho owumiselwe, ngukuzuza izoni ngokukhuluma kuzo. Nokuveza kuzo uthando lukaNkulunkulu, ngeZwi likaNkulunkulu, lokho kuzuza isoni. Omunye uthi, "Angeke ngiye esontweni. Impela ngiyamthanda *lowo* wesifazane. Ngiyamthanda *lowo* mfo." Niyabo, ngoba uyabazuza. Uma uhlale ekhaya futhi nje wakhulekela isoni nje, awangahamba waxhumana naso, kuncane kakhulu okungenziwa. Kodwa uzofanele ukhuleke bese-ke uyahamba. Kunjalo. Hamba futhi ukwenze. Manje, ukuvezwa kwaloluthando.

60 Lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, bengilalele ubufakazi bom—bomkhiqizi omkhulu wamageja, emi emsamo. Awu, nakhu kuhlezi osomabhizinisi abavela ezweni lonke, behlezi emsamo, nalendoda yegeja. Yasukuma, yathi, "Awu, ngangingazi ukuthi kungani ngangifanele ngihlinzwe." Futhi ngangiyithanda indoda. Futhi ingumlandeli omkhulu kaMfowethu Roberts, umngane wethu. Futhi ngakho ngenkathi . . . Yathi, "Lapho ngithola ukuthi ngangithola ukugula futhi nginenkinga yetshe, amatshe ezinso, kwenzeka ngadla idina noMfowethu Oral." Futhi yathi, "UMfowethu Oral wasukuma wayesethi, 'Manje, mfowethu, ngi—ngiyabona ukuthi usosizini, ngakho-ke,' wathi, 'ngi—ngizokukhulekela.'"

61 "Futhi yathi, 'Awu, ayibongwe iNkosi! Bengifuna nje usho lokho, Mfowethu Oral.'"

62 Futhi yathi, u-Oral uyafika futhi ubeka izandla zakhe phezu kwezinso zayo, "Futhi wathi, 'Ngiyalikhuza lelitshe lenso, futhi ukuba lishiye lendoda masinyane.'" Futhi yathi, "Ngenkathi esekwenzile," yathi, "ngathola ukukhululeka." Futhi yathi, "Isikhashana nje, kuyabuya futhi." Yathi, "Ngaphindela kuMfowethu Oral." Futhi yathi, "Waphinda wakhuleka. Ngathola ukukhululeka. Kodwa, njalo kuyabuya, kuba kabi kakhulu."

63 Futhi yathi, "Khona-ke, into elandelayo engacabanga ngayo, 'Ukube bengingehla,'" yathi, "'kuMfowethu Branham, futhi bengingama phambi kwakhe. Futhi uMoya oNgcwele ubungafika kuye, ubeyongitshela-ke ukuthi kungani ukuthi angikutholanga ukuphulukiswa ngenkathi uMfowethu Oral engikhulekela.'"

64 Ngakho-ke, yaphuma ngendlela yayo, futhi iza eLouisiana. Ngangisezinkonzweni lapho. Futhi ngama phambi kwayo, imizuzu engamashumi amabili. UMoya oNgcwele wawuthule, awushongo lutho. Ngayikhulekela, futhi yathi yazizwa ingcono. Futhi yehla, yase-ke ihamba, ithola ukwethuka, ijabule ngokweqile. Yahamba isuka endaweni iya endaweni, wonke umuntu, "Yikhulekele! Yikhulekele!" Futhi yayiyithanda iNkosi.

65 Kodwa, ekugcineni, kwafika endaweni eyayikuyo... bayithumela kwaMayo. AbakwaMayo bayibheka, futhi bathi, "Unethuba elilodwa kwayinkulungwane, lokuphila. Kwaqala isifo esithelelanayo. Umzimba wakho wonke unobuthi, nesifo segazi elidungwa ngumchamo," futhi, o, ngiyakhohlwa ukuthi yini konke. Bathi, "Unethuba elilodwa kwayinkulungwane."

66 Ngakho-ke, yathi, "Ngakuthatha." Yathi, "Ngakhuleka, 'O Nkulunkulu, Uyazi ngiyakuthanda. Futhi ngiye kuzo zonke izinceku zaKho.'"

67 Futhi yathatha ithuba, futhi bayilalisa. Futhi yathi, ngenkathi iphaphama ekamelweni, yathi kwakukhona ukuKhanya okukhanya ekamelweni, futhi iNkazimulo kaNkulunkulu yayiyizungezile.

68 Futhi odokotela bamangala. Babengena, futhi bathi, "Awu, kwenzekeni lapha na?"

"Ngani," yathi, "Ngizizwa kuthi angiye ekhaya."

69 Kwakuyini na? Niyabo, yayakhele amathemba ayo phezu kokuthi, "Uma noma yini ike yenzeka kimi, ngizoya kuMfowethu Roberts. Uma lokho kwehluleka, ngizoya kuMfowethu Branham." Futhi, nokho, yayiyithanda iNkosi uJesu. UNkulunkulu wadingeka avumele konke okunye kwehluleke, ukuze ayilalise lapho embhedeni wayo, ngisho nalapho udokotela athi, "Angeke senze lutho."

70 Kwase kuthi-ke ngenkathi uthando lobuNkulunkulu selufike ekupheleni kwalo, umusa omkhulu wangena futhi wathatha indawo yawo. Uzokwenza ngaso sonke isikhathi; uma izinjongo zakho zilungile, ezinye izindlela zakho zilungile, uma uzoba nothando lobuNkulunkulu, futhi ukholwe, uhambe uye phambili, ungangabazi lutho. Lapho kufika, kubukeke sengathi ukuphela kwendlela sekufikile, khona-ke umusa omkhulu uthatha indawo yawo.

71 Ngikubone kanjani kusebenza! Ngikuqaphele kanjani empilweni yami uqobo! Futhi hhayi nje ngesayense yezenkolo, noma hhayi ngohlobo oluthile lwe—lwesehlakalo somunye umuntu. Ngijabula kakhulu, namuhla, ukuthi ngingakhuluma ngesehlakalo esiqondene nami, ukwazi ukuthi lelo yiqiniso. Sesabani-ke na? Inqobo nje uma sazi ukuthi uthando lukaKristu luphumule ngokobuNkulunkulu enhliziyweni yethu, ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni, onke amademoni aphuma

esihogweni awanalo ithuba lokungena, ngisho nasekufeni, uma uzoqhubeka kulolothando nokukholwa.

72 Kufana nengane encane nje. Uthatha ingane encane... Ngizonikhombisa, ukuze abafo abancane bengakuthola. Nangu uNkk. Kelly ehlezi lapha phambi kwethu. Ngenkathi isosha elidakiwe, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, ligijimela kubo phandle lapho. Futhi waphakanyiswa, kuthiwa ufile, lapha. Bamfaka esibhedlela, equlekile. Lapho yonke into yayehlulekile, futhi wayesendleleni yakhe. Futhi, nokho, ngothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakhe, uyafika ngapha. Wangena lapho ngalolosuku, kwase kuthi-ke umusa omkhulu wavezwa, emva kothando lobuNkulunkulu. Futhi nangu uhlezi, kulokhu ukusa, phakathi kwethu, ephila namuhla.

73 Niyabo, kuyinto ethile eyenzekayo. Uma ufika ekupheleni kwendlela yakho, uma ufika lapho ongeke usahamba khona, khona-ke aMandla kaNkulunkulu ayongena, ngomusa omkhulu, into oyibonayo.

74 Uthatha inganyana encane, ingane encane, enokuthukuthela kwengane okuncane, ukugongobala, futhi ziyodazuluka, futhi bakhahlele, futhi bampongoloze. Futhi into yokuqala niyazi, bazobamba umoya wabo. Futhi uzobona umama eyihwaphuna, futhi ayidonse, futhi ayiphose phezulu emoyeni, ayiphephethe ebusweni bayo. Ayiyeke. Akukaze kube, kuwo wonke umlando wezokwelapha, oyedwa owake wafa kanjalo. Ngeke zife. Inokuthukuthela nje kwengane. Izama ukuthola uzwelo. Izama ukuthola ukuncokola okuthile, futhi nje yilumbo lolaka. Futhi emva kokuba ithola ilumbo lolaka lwayo, endaweni, isibambe umoya wayo, lapho ingeke isakwazi ukuqhubekela phambili, khona-ke imvelo iyangena, futhi iyakhululeka futhi iqale ukuphefumula futhi. Konke ukuyiphakamisa kwakho, nokudazuluka, nje kwenza...ukumpongoloza, nokuphephetha ebusweni bayo, kuyenza ibe kabi kakhulu.

75 Kungaleyondlela, emva kokuhamba sisuke ebandleni siye ebandleni, sisuke ensikeni siye esigxotsheni, sisuke enkonzweni yokuphulukisa siye enkonzweni yokuphulukisa. Mfowethu, thatha uthando futhi uhambe uye phambili, ngoba usekupheleni kwendlela. UNkulunkulu uzoveza umusa omkhulu lapho usufika ekupheleni kwendlela. Lapho uthando seluhlangane nokugcwala kwalo, uNkulunkulu ubophezekile ngaleyonkathi. Lapho usufike esiphethweni sakho, nendoda isihlangane nesiphetho sabo, khona-ke umusa uyengamela. Yimvelo kaNkulunkulu ukwenza kanjalo.

76 Ngike ngakuqaphela kanjani! Ukuthi kanjani lapho ngizoba...Uxolo ngalobubufakazi obuqondene nami manje, umzuzu. Niyifundile incwadi. Phandle lapho ngalolosuku, ePortland, e-Oregon, ngenkathi lolohlanya lugijimela emsamo,

lwaluzongibulala. Nonke nikufundile lokho, mhlawumpe, encwadini. Ukuthi kwenzekeni? UNkulunkulu wangithuma ukuba ngishumayele iVangeli. Lokho engangikwenza.

77 Kwakubuthene izinkulungwane zabantu. Izitaladi zazigcwele, namakhulu angamashumi ayisithupha nokuthize ngaphakathi; futhi laliyidliva imvula, abantu bemile lapho. Izinhliziyo zabo zazilangazelele, zilambile. Yilapho kungekho namunye owayesenkundleni. Okucwebezelayo kwakusemhlanganweni. Futhi babeyodingeka bakudonse wedlule ezixukwini, nakho konke okunye, nephoyisa liphelekezela, ukuze likungenise.

78 Ngangikade ngisegumbini, futhi lapho ngaholela izikhulu ezimbili ezincane kuKristu, ngale egumbini lokugqokela; abafana ababili abancane, abasembuthweni wamaphoyisa, abalapha ekuqaleni kweminyaka engamashumi amabili. Omunye womama babo wayekade ephulukisiwe, ebusukwini bakuthangi. Futhi bobabili bakhothama lapho, futhi ngabaholela eNkosini uJesu.

79 Ngiphumela emsamo, ukuba ngikhulume, ukukholwa. Khona manjalo, uhlanya olwalushaye umshumayeli, ezansi nesitaladi, ngaleyontambama, lwalweqe esikhungweni, lwalephule inqwababa yakhe, lephula umhlathi wakhe. Lalinosinga lokubulala abashumayeli. Lwagijima lwangena, lase licabanga, "Leli yithuba lami." Lwakhuphukela emsamo, lusinda cishe 250 noma 260, cishe amafidi ayisithupha amayintshi ayishumi ubude, lushwiba izandla zalo emuva naphambili. Lwathi, "Wena mzenzisi! Wena nyoka otshanini!"

80 Kwakulapho-ke. Inkonzo kaNkulunkulu isohlelweni; abantu bephulukiswa; izinkulungwane zisindiswa futhi zibusisekile; abefundisi bephefumulelwe. Lemvuselelo enkulu, isekuqaleni kwayo nje, khona-ke, iqala ukuveza emhlabeni jikelele. Ohlezi phezulu lapho, kwakuhlezi uT. L. Osborn, (Amen!) ozuzele uKristu amashumi ezinkulungwane emiphefumulo; ehlezi lapho, elusa ibandla elinabayisishiyagalombili noma abayishumi ebandleni lakhe, ebuka phansi ekuvulandi osesitezi.

81 Nalolohlanya lugijimela emsamo, ukuphazamisa umhlangano weNkosi. Futhi lwathi, "Wena nyoka otshanini! Wena mzenzisi, uzethwesa qobo lwakho njengenceku kaNkulunkulu. Ngizokukhombisa, kulobubusuku, awusiyo inceku kaNkulunkulu. Futhi ngizokwephula onke amathambo emzimbeni wakho omncanyanyanyana." Futhi lwagijima lwenyukela lapho lwase ludonsela emuva isibhakela salo esikhulu, ukuze lungishaye.

Ngaphenduka. Abashumayeli bahlakazeka, yonke into.

82 Lwama, futhi lwashaya izikhwehlela, lwase lungiphimisela ebusweni. Lwathi, "Wena nyoka otshanini! Ngizokukhombisa

ukuthi uyinceku kaNkulunkulu kangakanani. Wena mkhohlisi!"

83 Angikaze ngisho nelilodwa izwi. Ngavele ngalubuka nje. Futhi khona manjalo, uMoya oNgcwele, enye into . . .

84 Uboyocabangani uma indoda ikuphimisela ebusweni bakho na? Ngani, uma kukhona noma yiluphi ulaka ngawe, belungaphakama. Impela, bekungabanjalo. Futhi nakhu kuphuma amaphoyisa amabili, amaphoyisa amabili afanayo ukuthi . . . ? . . . nezinto ezandleni zawo, ukushaya indoda ayilahle phansi, ukuyisusa. Kodwa, angiwavumelanga ukuthi akwenze.

85 UNkulunkulu wayelethe uthando enhliziyweni yami ngaleso sidalwa esifayo. Ngacabanga, "Akusiyo indoda. Ngudeveli oyifake kulesosimo. Leyo ndoda ibiyoba yindoda ejwayelekile efuna ukuthanda nokuphila, njengoba amanye amadoda yenza. Kodwa ngudeveli oyithole kanjalo." Futhi uthando luqala ukugeleza, ngaleyondoda. Futhi into yokuqala niyazi, leyondoda yawa futhi yawela ezinyaweni zami lapho. Lapho uthando lobuNkulunkulu kade luveziwe, umusa omkhulu wangenelela futhi wathatha indawo yawo. Uzokwenza ngaso sonke isikhathi.

86 Lapha kungekudala, lapho . . . Ngingahle ukuba nganitshela lokhu phambilini. Ngonyaka odlule, unyaka ongaphambi kodlule, yikho manje. Ngangigunda igceke lami phezulu lapho, ngizama ukugundela phansi igceke lami, ngizungeza, ngizungeza. Ngadingeka ngime bese ngishintsha izingubo, ngingene futhi ngikhulekele omunye umuntu, ngiphume. Awu, igceke lami lase lenile. Ngaphambi ngokuba mina . . . Ngemuva, ngaphambi kokuba ngigunde ingaphambili, laliyobe selenile.

87 Futhi ngakho-ke mina, ngeliny'ilanga, ngangingemuva ngemuva nomshini wami wokugunda utshani omdala, ngiqhubeka ngigunda, ngiqhubeka, ngizama, umshini wokugunda utshani onamandla amancane. Futhi ngakhohlwa ukuthi kwakunesidleke semivi ekhoneni lapho. Futhi ngahlohla lowomshini wokugunda utshani kulokho. Futhi emuva lapho, ngangikhumule iyembe lami, ngingalifakile iyembe. Ngashaya lolocingo ngalowomshini wokugunda utshani, ngingagqoke yembe. Ngomzuzwana wesikhathi, ngase ngimbozwe yonke indawo yizimivi. Niyazi ukuthi ziyini, isidleke esikhulu sezimivi; beziyokubulala. Abafo abakhulu bebhuza nje! O, ngacabanga . . .

88 Okokuqala, kwangethusa. Khona-ke, khona manjalo, okuthile kuqala ukwenzeka, kuqala ukuthoba. Lezozimivi, zisalokhu zibhuza. Manje, lokhu kuzwakala njengenganyana, lokhu kuzwakala njengobungane. Kodwa, uNkulunkulu waseZulwini uyazi noma kuyiqiniso, noma qha, engiMmele. Khona-ke, esikhundleni sokuzama ukulwa, futhi ngishaye futhi

ngisakaze lezozimivi, kwabakhona uhlobo oluthile lothando lobuNkulunkulu olwakhuphukela kimi.

89 Futhi ngacabanga, "Abafo abancane bandla, ninelungelo lokwakha isidleke. Yileyo indlela uNkulunkulu anenzela yona ukuba nizivikele. Futhi nginiphazamisile, futhi ngiyaxolisa ngokuthi ngikwenzile. Ukube bengizophinda ngikwenze futhi, bengingeke nginiphazamise. Bengingaqondile ukukwenza." Kodwa, ngathi, "Ngiyinceku yeNkosi. Futhi abantwana baKhe abagulayo ulapha ukuba bakhulekelwe, futhi ngifanele ngisheshise futhi ngigunde leligceke. Manje, nina zidalwa ezincane zikaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, buyelani esidlekeni senu. Angeke nginihluphe."

90 Futhi kwakuyini na? Kwakusendaweni lapho ezazingangitinyela ngife. Othandweni lukaNkulunkulu, ngenhliziyo ethobileyo, ukuvezwa kothando kweza ngaphambili, futhi umusa omkhulu wengamela; yini eyayingatshela lezo zimivi, khuluma, futhi yonke—futhi yonke imivi yashaya indingilizi indiza, futhi zashaya ulayini njengesigejane sabombutho wamasosha, futhi zahamba zaqonda ngqo zabuyela esidlekeni sazo.

91 Kwakuyini na? Ngangingeke ngikhulume nezimivi. Anginayo indlela yokukhuluma nazo. Ngangizinqanda kanjani ukuthi zingangitinyeli na? Ngangisekupheleni. Kodwa nganginothando. UNkulunkulu wanikeza uthando ngalezozimivi, futhi ngakhuluma kuzo ngephimbo lami. Futhi uMoya oNgcwele, ngomusa omkhulu, wahola lezo zimivi zabuyela ngqo esidlekeni sazo.

92 Kungekude ezansi nomgwaqo, iGuernsey endala lapho eHenryville, ngeliny'ilanga. Lenkunzi endala enkulu phandle lapha, eyabulala lendoda yekhaladi, epulazini laseBrooks phandle lapha. Yabulala indoda yekhaladi, yacishe yabulala lowomfana kaWest, ngendlela efanayo. Bamphosela phandle lapho epulazini. Ngangingazi. Ngangigadile. Ngangifanele ngiphathe isibhamu; ngangingenaso.

93 Ngelinye ilanga, nginqamula, ngangicabanga ukuthi ngizohamba—hamba ngiye ngaleya lapho, ngikhulekele omunye umuntu ogulayo. Ngahamba nganqamula lelodlelo, ngingacabangi ngaleyonkunzi ikulelodlelo. Futhi ngafika phandle le maphakathi nedlelo. Kwenzenkani na? Into yokuqala niyazi, ngaphandle kuleso sixhobo sezihlahla, lenkunzi enkulu elwayo yama, izimpondo ezinde ka*njalo*, futhi yabhonga. Ngangazi ukuthi kwakuyilowo mbulali.

94 Ngabuka emuva. Ngangikude kakhulu nothango, cishe amayadi angamakhulu amabili. Yayingamile amafidi angamashumi amathathu, amashumi amane ukusuka kimi. Nanso imile, izimpondo zayo ziphansi, ibhonga lokho okukhulu kakhulu. Ngangingenaso isibhamu, futhi singekho isihlahla

engangingangena kuso. Ngangingeke ngikwazi ukubuyela othangweni. Ngacabanga, "Awu, lokhu ukuphela. Bill Branham, nakhu lapho ohlangana khona nokubhubha kwakho, ukuba ngibulawelwe inkolo, ngihlatshelwe ukufa, phandle lapha edlelweni." Ngama lapho.

95 Kodwa, khona manjalo, iNto ethize iqala ukuzinza lapho...?...inhliziyo. Inkazimulo kaNkulunkulu. Kukhona okungena enhliziyweni yami. Ngacabanga, "Ngiphazamise leso silwane bandla. Akusona leso silwane bandla. Ngudeveli osenza sikwenze."

96 Futhi ngazi into eyodwa kuphela...Nakhu. Ngifuna nikuzwe. Yinye kuphela into ezonqoba udeveli, lokho ngukuthi, uthando olumsulwa lobuNkulunkulu. UThando luzonqoba yonke into. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka," lwanqoba umbuzo wesono, lwanqoba umbuzo wokugula. Luyonqoba umehluko ebandleni. Luyonqoba yonke into ekhona engafani naLo, ukuba inqotshwe. Luyokwenza, uma nje nizoLuvumela lukwenze.

97 Futhi ngenkathi lesisilwane esikhulu siqala siza ngakimi. Futhi, esikhundleni sokusizonda lesosilwane, Mfowethu Mike, ngasithanda. Futhi ngacabanga, "Uyisidalwa sikaNkulunkulu. Ubani omunye obengakwenza ngaphandle kukaNkulunkulu na? Futhi ubulele lapho ngokuthula, futhi ngifika endaweni yakho obusa kuyo, nezimpawu zichonywe phezulu lonke idlelo. Angikaze ngikucabange. Ngivele nganqamula indawo yami ejwayelekile, ukuba ngiwele futhi ngikhulekele indoda egulayo."

98 Futhi lapho ngabona lowomfo eza, ikhanda lakhe lishwibeka ka*njalo*. Futhi wayenzela mina, ukuba angibulale, futhi ngangikwazi.

99 Kodwa uthando lobuNkulunkulu luqala ukuza. Ngacabanga, "Isidalwa bandla, isilwane esiyisimungulu, asikwazi okungcono. Nakho lapho ulele khona, futhi ngikuphazamisile. Ngakho-ke, manje, ngiyinceku kaNkulunkulu; uyisidalwa sikaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu, buyela emuva futhi ulale phansi, ngokuba ngisendleleni yami ukuyokhulekela omunye wabantwana bakaNkulunkulu abagulayo. Buyela emuva ulale phansi."

100 Naleyonkunzi yeza kimi kanzima nje njengoba yayingenza. Akukho kwesaba; ngangingesabi nakancane kunoma bengingabanjalo ngoMfowethu Neville ohlezi lapha. Olumsulwa nje, uthando olungcwele enhliziyweni yami! Yini okwakwenzayo na? Kwadala isimo sendawo. Futhi leyonkunzi yagijima yangena ngqo kulesosimo sendawo. Ingengaphezu kwamafidi ayishumi ukusuka kimi, yama futhi yaphonsa izinyawo zayo ngaphandle. Yabuka khona *lapha*, yehlulwe kakhulu, ngokubuka okumnene ukudlula konke ebusweni bayo, futhi

yaphenduka, futhi yawelela ngapho futhi yalala phansi. Futhi ngayedlula phakathi kwamafidi amahlanu. Kuyini na? Lapho uthando lobuNkulunkulu luvezwa, umusa omkhulu uyengamela ngalesosikhathi.

101 Lowo kwakunguNkulunkulu ofanayo owayengamisa amabhubesi ekuzeni kuDaniyeli. Futhi eza ngokubhonga. NoDaniyeli omdala emi lapho, esongwe othandweni lukaNkulunkulu. Amabhubesi awelela ngale futhi alala phansi. Kwakuthule.

102 Ngiyakutshela, mfowethu, uma uNkulunkulu engakusonga othandweni lobuNkulunkulu, kukhona ukuthula esigodini kwakho ngaleyonkathi. Kukhona.

103 Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangikhuphuka ngivela ngapha eDallas, eTexas. Ngangindiza ngebhanoyi, ngiza ekhaya. Sasinomhlangano ngapho. Futhi endleleni yami, ngangena esiphephweni, futhi ibhanoyi laphoqeleka ukuba lehlele eMemphis. Futhi ngenkathi ngiseMemphis, bangibeka phezulu lapho kuleyoPeabody Hotel, o, indawo enkulu enokuziqhenya. Ngathi ukuba nokuzizwa ngingaphandle kakhulu endaweni. Ngangiphezulu lapho ngalobobusuku, futhi ngahlala ubusuku bonke. Bangifonela ngakusasa ekuseni futhi bathi, "Mfu. Branham?"

"Ya."

104 Bathi, "I-limozini izokulanda manje ngehora lesikhombisa nqo ncamashi. Ibhanoyi lizosuka ngokugamanxa kwehora lesikhombisa."

105 Ngathi, "Ngiyabonga, mnumzane," futhi ngaluphanyeka. Ngasukuma, ngakhuleka. Futhi ngacabanga, "Awu, nginesikhathi, mhlawumbe, sokugijimela ebhokisini leposi. Ngithole iposi lapha, ngiliphendule izolo ebusuku." Ngasukuma futhi ngaqala ukwehla ngesitaladi, ngehla ngesitaladi, ngicula.

> Kunabantu cishe ndawo zonke,
> Abanhliziyo zabo zonke ziyavutha
> NgoMlilo owehla ngePhentekoste,
> Owahlanza wabenza bahlanzeka;
> O, usuyavutha manje phakathi kwenhliziyo yami,
> O, udumo eGameni laKhe!
> Ngiyajabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

106 Ngehla ngesitaladi, nalenqwaba yezincwadi esandleni sami, ngiya ngaseposini. Ngezwa iNto ethile exakile. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, anazi na? Njengayo yonke into izinzile nje. O, umuzwa onjena pho! Ngacabanga, "O, he, akumangalisi yini lokhu!" Manje, uDoc wayevamise ukucula iculo elincane:

Mangihambe neJuba laseZulwini;
Gcwalisa indlela yami nsuku zonke ngothando.

107 Ngangivamise ukucabanga ngalokho. Futhi loluthando luqala ukuthululeka, okwengeziwe. Sinalo uthando, kodwa sidinga ubuningi bothando, ukuchichima kothando.

108 Wena uthi, "O, ngiyazithanda izoni." Kodwa, o, mfowethu, dadewethu, uzithanda ngokwanele kahle ukuba uphume futhi ukhulume nazo futhi uzishelele kuKristu na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

Wena uthi, "Ngiyayithanda iNkosi."

109 Kodwa ungaYethemba lapho udokotela enikina ikhanda lakhe na? UngaYethemba lapho yonke enye into ingasekho na? Udinga umbhaphathizo ochichimayo wothando, uthando lobuNkulunkulu. Lapho kubonakala sengathi, lapho ukhuleka, futhi umkhuleko wakho awuphenduliwe, ngabe usaMthanda na? Ngabe ikhona iNto ethile elokhu ikuhlambulula na? Lowo umusa omkhulu kaNkulunkulu, uzofanele wengamele. Uzofanele. Yimvelo kaNkulunkulu. UNkulunkulu angeke enze okunye ngaphandle kokwenza lokho.

110 Lapho uNkulunkulu ebone isono salelizwe, futhi ebone ukuthi abantu wayefa, bengenathemba, futhi bengeke basindiswe, futhi nokho Wayazi ukuthi abantu bayoMthanda, kwa—kwamkhathaza uNkulunkulu, futhi kwafakazela imvelo yaKhe. Imvelo kaNkulunkulu iluthando. UNkulunkulu uluthando. Futhi kwayikhathaza imvelo kaNkulunkulu, waze Wadingeka ahlinzeke indlela yokuphunyuka kulabo ababefuna ukuphunyuka. Futhi Wathumela iNdodana yaKhe ezweni, yenziwa ngomfanekiso wenyama enesono, ukuba ithwale izono zethu nokugula kuye eKalvari. UNkulunkulu wakwenza. Uthando lukaNkulunkulu, luphuma, lwabiza umusa omkhulu.

111 Futhi uNkulunkulu akakaze athi, "Uma uzokwenza; uma uzokwenza *lokhu*, ngizokwenza *lokhu*." UNkulunkulu, ngaphandle kwanoma yiziphi izimo, Wathumela iNdodana yaKhe ukuba ife endaweni yakho, futhi uxazulula umbuzo wesono. Kwakungahlangene nalutho nalokho okucabangayo ngakho, uNkulunkulu wakwenza, noma kanjani. Amen. Uthando lobuNkulunkulu, lubekwe ebunzimeni, umusa omkhulu uzofanele uthathe indawo yawo. Yilokho kuphela okukhona, uma uthando lobuNkulunkulu lubekwe endaweni efanele.

112 Lalelisisani. Ngalokho kusa ngenkathi ngiphuma ebhanoyini, noma ngiphuma ehhoteleni, ngaqala ngehla ngesitaladi, ngangihamba ngiqhubeka, ngicula. Khona manjalo, iNto ethile yabonakala ithululeka kimi, isihlambi esikhulu sothando. Ngacabanga, "O, ukuba nje kuphela benginga . . . O, ngiyakholwa, njengoba ngizwa, uma nje bengingabona umuntu

othize ukuba ngimkhulekele!" Yileyondlela ozizwa ngayo, uma kunokuthile enhliziyweni yakho, edonsayo.

113 Ngolunye usuku... Ngingama umzuzwana nje futhi na? Ngolunye usuku, uSarah omncane wagula. Lapho siqala sisuka, o, kwakushisa kakhulu. Futhi ngangivukile bonke ubusuku, ngithole cishe amahora amabili okulala, izithunywa ezivela kuzo zonke izingxenye ezehlukene zezwe, ngifanele ngihlangane na*lesi*, *leso*, ngikhuleka, ngishumayela kathathu ngosuku. O, ngikhandlekile! Ngangihamba nje... Ngase-ke ngiphuma, futhi kwadingeka ngilinde. Ngase-ke ngishayela amamayela ambalwa ngaphandle kwedolobha. Futhi ngangozela kakhulu, ngisho nasekuseni kakhulu, ngaze ngadingeka ngicambalale, eceleni komgwaqo, futhi ngilale. Emincane, imizuzu embalwa, ngasukuma ngaqala futhi. Ngangingakwazi ukubamba amehlo ami evulekile, ngizama ukuhambisa imoto ngokushesha, ukuba ngifike kulona wesifazane. Ngaphesheya kwezingwadule ezishisayo zaseNebraska, ngidabula lapho.

114 Futhi ngacabanga, "O, he!" USarah omncane wayelokhu egonyuluka nje futhi evala umlomo. Into encane bandla yayikade igula, ubusuku bonke. Ngakusasa ekuseni, wayegula kakhulu, sadingeka simise imoto. Weyebamhlophe ebusweni bakhe. Futhi, khona-ke, ngangikhathele kakhulu futhi ngikhandlekile, ngacabanga, "O Nkulunkulu! O, isimo sibi kabi. Nkulunkulu, buka lapha, a—angisakwazi ukushayela; ngikhathele kakhulu. Futhi kade ngingaphandle ngaleya nabantu baKho, ngizama ukwenza okwedlula konke engingakwenza, futhi uSarah omncane ugula kakhulu." Awu, sahamba...

115 Futhi ngawelela lapho ngase ngibeka izandla zami phezu kwakhe. Ngathi, "Baba waseZulwini othandekayo, Unginika lomntwana; lona ngowaKho. Ngimkhulisile nje kuphela." Ngabeka izandla zami phezu kwakhe. INto ethize iqala ukwehla enhliziyweni yami. Lokho kwaqeda ukuphalaza. Akaphindanga waphalaza, kusukela ngalolosuku kuze kube manje.

116 Ngosuku lwesibili, uBecky waqala, egula ngempela, okufana negciwane, futhi waphalaza, into encane yaphalaza ubusuku bonke. Ngosuku olulandelayo, uMeda wathi, "Sizothola iPepto-Bismol." Wathela izipunu ezithi azibe mbili futhi wamnika zona. Into encane yavele yakuphalaza khona lapho.

117 Sangena eTetons. Lapho siphuma ezweni elishisayo, siqala sikhuphuka, wayefuna ukubona izintaba ezinhle. Akakwazanga ukukwenza; wayegula kakhulu. Ngathi, "S'thandwa, buka lapha. Ngifuna ukuthatha..." Wathi, "Ubabayi ufuna ukukuthatha isithombe, ukuze uzobona intaba lapho."

118 Wathi, "O, babayi, ngizwa sengathi ngiyafa." Ngakho-ke simnika enye iPepto-Bismol.

Sanikela umkhuleko, ngalokho kusa, sathi, "Nkosi, yiba nomusa."

119 Futhi—futhi, o, lokho akuzange kusize ngalutho. Ngakho-ke, sakhuphukela lapho, ngase ngimkhipha. Ngathi, "S'thandwa, phumela emoyeni ofreshi." Kuyabanda. Wayefake ijakhethi yakhe encane. Iqhwa lilele nxazonke emhlabathini. Ngakho-ke ngaphuma, futhi wayezama uku . . . Wathi, "Yebo, babayi." Uthi, "Mm, mm." Namanzi ayephuma emlonyeni wakhe omncane. Ngabuka, namehlo akhe amancane ehlehlele emuva. Nomlomo wakhe omncane, wawuvuza amathi nje njengoba ungaba njalo.

120 Ngahamba ngaya ngale. Ngabheka phezulu ngasentabeni. Ngathi, "Ngibheka ezintabeni lapho usizo lwami luvela khona. Usizo lwami luvela eNkosini."

121 Khona manjalo, iNto ethize iqala ukuphenduka, phansi kimi. O, ngifisa sengathi ngingaba nayo ngaso sonke isikhathi. Ngahamba ngaya laphaya eceleni kwemoto, ngavula isicabha. Ngathi, "Bheka lapha kubabayi, s'thandwa." O, he! Lokho kwaxazulula ukuphalaza inguna phakade. Imizuzu emihlanu ukusuka lapho, futhi wayegijima ezungeza, edlala noSarah.

122 Kuyini na? Lapho uthando lobuNkulunkulu luvezwa, umusa omkhulu uthatha indawo yawo. Ufanele.

123 Ngehla ngomgwaqo ngalokhokusa, ngihamba eMemphis; ngibuyela endabeni yami. Ngangihamba ngehla ngomgwaqo, eMemphis, ngiculela iNkosi, futhi khona manjalo, iNto ethize yathi, "Yima." Futhi ngama. Khona manjalo, Yathi, "Phenduka ubuyele emuva ngenye indlela." Awu, lokho kwakungasemfuleni.

124 Ngacabanga, "O, he." Ngahamba ngaqhubeka kancane. Ngacabanga, "Awu, lokho nje kwakuyinto ethize mina nje . . . " Niyazi, uhlabeke umxhwele, uyazi, izikhathi eziningi. Futhi, ezikhathini eziningi, abantu benza amaphutha ngokulandela ukuzizwakalisa esikhundleni sokuhola kobuNkulunkulu. Ngakho-ke ngaqala ngaqhubeka, ngacabanga, "Yilokho nje engikuzwile." Futhi, o, lapho ngiqhubekela phambili, kwaya ngokuba kubi kakhulu. Ngenyathele, ngakhuphukela endaweni encane eseceleni, ngaqalaza. Kwakukhona izinto zokudoba ezazibekwe lapho. Ngacabanga ukuthi bengiyokwenza njengabantu (abantu abedlulayo) ngibuke nje lezizinto zokudoba. Lapho engathola khona, wonke umuntu wayethe ukuyeka ukuhamba, leloqembu, lapho ukukhanya kwajika khona. Ngathi, "Baba waseZulwini onomusa, yini Obufuna ngiyenze na? Ngabe nguWe lowo obuhamba enhliziyweni yami na? Ngavele ngezwa sengathi ngiyaqhuma ngaphakathi, iNto ethize nje ithululeka iphuma."

INto ethile yathi, "Jika ubuyele emuva."

Ngathi, "Ngiye kuphi na?"

125 Yathi, "Jika ubuyele emuva." Akwenzi mehluko ukuthi kuphi. Qhubeka nje uhambe!

126 Ngaphenduka ngaqala ngabuyela emuva ngehla ngomgwaqo. Ngahamba. Ngabuka iwashi lami, kulokhu kusanginxusa, isikhathi sesidlulile. Ngahamba ngaya phambidlala, ngedlula isikhathi, ukugamanxa kwelesikhombisa sekwedlule; ngehora lesishiyagalombili nqo, "O, he, he, he!" Ngase ngedlulele ezansi le lapho okuthi akufane nezindlu zamakhaladi, inqwaba yezindlu zamakhaladi ezindala ezansi lapho, ezansi le. Futhi ngangihamba ngigudla lapho, ilanga laliphezulu kakhulu ngaleyonkathi, ekuqaleni kwentwasahlobo, amafu engasekho. Ngacabanga, "Awu, ngigeje eyami . . . ngi—ngigeje ibhanoyi lami." Kodwa, ngacabanga, "O, Nkulunkulu, mina . . . Kulungile uma ngigeje ibhanoyi, inqobo nje uma Wena . . . Ungiholela kuphi, Nkosi na? Angazi ukuthi Ungiyisa kuphi. Ngiyaphi na?" Akusiwo umsebenzi wami; ngiqhubeka ngihamba nje. Ngavele ngahamba ngaqhubeka.

127 Emva kwesikhashana, ngabuka. Obambelele phezu kwesango, ka *njena*, kwakukhona ofana no-anti uJemima omdala engamele esangweni, nezihlathi zakhe ezinkulu ezikhuluphele; emi lapho, neyembe lithandelwe ekhanda lakhe ka*nje*, futhi liboshwe ngemuva. Ngangihamba ngigudla kanjalo. Ngenyukela kuye, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe ezinkulu ezikhuluphele kanjalo. Wangibuka, wathi, "Sawubona mfundisi."

Ngathi, "Mem," ngathi, "sawubona."

128 Wathi ukusineka futhi wangibuka, izinyembezi emehlweni akhe. Ngacabanga, "Ungibize ngokuthi, 'Mfundisi.'" Yilokho umshumayeli abambiza ngakho eNingizimu, niyazi.

Futhi ngathi, "Waze kanjani ukuthi bengingumfundisi na?"

Wathi, "Bengazi ukuthi ubuza."

"Ini?"

Wathi, "Bengazi ukuthi ubuza."

Ngathi, "Angiqondi, Anti. Ungangitshela na?"

129 Wathi, "Uyazi, sewake wayifunda leyondaba ngowesifazane waseShunemi owayengenabantwana, futhi wacela iNkosi ukuthi imnike umntwana?" Futhi wathi, "No-Elija uyafika futhi wambusisa, wayesethola umntwana?"

Ngathi, "Yebo, mem. Ngiyakukhumbula lokho."

130 Wathi, "Mina yilolohlobo lowesifazane." Wathi, "Anginabo abantwana. Futhi ngakhuleka eNkosini, futhi ngatshela iNkosi; uma Ibiyongibusisa futhi inginike umntwana, khona-ke ngiyoMkhulisela yona." Futhi wathi, "Unginika umntwana." Futhi wathi, "Ngiwashe phezu kwebhodi lokuwashela," indawo encane endadlana lapho eceleni. Wathi, "Ngiwashe phezu kwebhodi lokuwashela ukuba ngikhulise lomntwana." Futhi wathi, "Lapho esekhulile, mfundisi, u—uthathe umgwaqo

ongalungile." Futhi wathi, "Uhambe nabangani abangalungile, futhi ulele phakathi lapha, efa."

131 Futhi wathi, "Indoda engudokotela ibilapha, kuthangi, ngesikhathi equleka, futhi bathe ngeke besamenzela okunye. Babemnike iSalvarsan isiksi-owu-siksi, nakho konke okunye, umpunyumpunyu imekhuri, nomjovo kazifozonke iphensilini; lutho. Ugconsula ivinirayali, ugconsula i-syphilis, ngicabanga ukuthi ivalvu iphumile enhliziyweni yakhe."

132 Futhi wathi, "Akukho okungenzelwa yena." Futhi wathi, "Ubelele lapha efa. Futhi wathi, 'O Nkosi, bengingafuni ukubona ingane yami ifa kanjalo.'" Futhi wathi, "Ngi—ngi. . . Uma ngingamuzwa nje ethi usindisiwe." Futhi wathi, "Ngikhulekile, futhi ngakhuleka, ubusuku obubili."

133 Wathi, "Namhlanje ekuseni, cishe ngehora lesithathu nqo," wathi, "iNkosi ingilalisile, ngiguqe ngamadolo." Wathi, "Ngiphuphe iphupho." Wathi, "Ngibone indoda iza igqoke isudi ekhanyayo, igqoke isigqoko esincane esinguhhafu sasentshonalanga isitshekise ekhanda layo. Ngithe, 'Nkosi, bengingowesifazane, kepha muphi u-Eliya waKho na?' Wathi, 'Nakhu kufika.'"

134 Wathi, "Ngavuka ngaphuma kulowo mbhede, futhi kade ngimi khona lapha kusukela ngalesosikhathi, ngikulindile." Yileyondlela engangigqoke ngayo, impela nje.

135 O, mfowethu, lapho uthando lobuNkulunkulu luvezwa, lowomama nengane yakhe, ya, amaphawondi ayikhulu namashumi ayisishiyagalombili, kodwa wayeseyingane yakhe, elele, efela ehlazweni. Kungakhathaleki ukuthi wayehlambalazeke kangakanani, kwakuyingane yakhe. Wayeyithanda. Lolo uthando lukamama. Kungenandaba ukuthi yayilethe ihlazo elingakanani, wayesayithanda.

136 Futhi uma ungeke uyikhohlwe ingane yakho, kungakhathaleki ukuthi ini, khona-ke uNkulunkulu angeke akukhohlwe kangakanani na? Wathi, "Amagama enu aqoshwe ezintendeni zesandla saMi. Umama angayikhohlwa ingane yakhe encelayo, kodwa Angisoze ngakukhohlwa." Akunandaba ukuthi wenzeni, ukuthi usuhlehle kangakanani, ukuthi ungene kangakanani, uNkulunkulu usakuthanda. UNkulunkulu uyakuthanda. Gcina lolothando luqhubeka. Ungaluvumeli lwehluleke.

137 Ngakho-ke, wabubula. Wathi, "O, angikwazanga nje ukukwenza." Futhi wathi, "Mfundisi, ngiphuphe iphupho, futhi ngikubonile uza." Futhi wathi, "Ngenkathi ngibuka ezansi emgwaqeni, futhi ngibone leyo encane, isudu ekhanyayo, naleso sigqoko esincane ositshekise ekhanda lakho," wathi, "uMoya uthe kimi, 'Nanguya.'" Futhi wathi, "Ungengene na?"

138 Ngacabanga, "O Nkulunkulu," ngacabanga, "mhlawumbe yilapho Ongiholele khona, lesi yisizathu ebengifanele ngize." Ngangingazi.

139 Ngavula isango. Lalineketango negeja elicijile kulo. Angazi noma senake nalibona elilodwa, noma qha. Ngavula umnyango omdadlana futhi ngangena.

140 Mfowethu, ngike ngaba sezigodlweni zamakhosi. Ngike ngaba semakhaya acebe kunawo onke elikhona kulelizwe. Ngike ngaba kweminye eyizigidigidi, ebiza amashumi amabili . . . kakhulu ngangamadola ayizigidi ezingamashumi amabili nesishiyagalombili. Ngike ngahamba phezu komata bazo, lapho kwakuyi shinile, ukusuka ohlangothini olulodwa kuya kolunye, lapho engangingacambalala futhi ngilale kalula phezu kukamata ongenalutho, lapho eyikhaya elithandekayo.

141 Kodwa kwakungekho ngisho umata phansi. Nombhede omncane omdala oyiphosta yensimbi uhlezi lapho; eyejwayelekile, ingubo yokulala endadlana yadonselwa phezu kwalomfana. Kwakunophawu emnyango, "Nkulunkulu busisa ikhaya lethu." Ngangazi ukuthi ngangisebukhoneni bekhaya lamaKristu. Ngangazi ukuthi ngangindawanathize lapho umkhuleko wenziwa khona. Kungekho zithombe ezikhanukasiyo odongeni, kungekho zithombe ezinenhlamba; kodwa iBhayibheli libekwe livuliwe phezu kwelincane, itafula elidala elinemabula ngaphezulu, libekwe lapho.

142 Futhi umfana omkhulu elele lapho embhedeni, embozile esandleni sakhe, ethi, "Mm! Mm!"

143 Ngacabanga, "O, he." Ngezwa izinyawo zakhe; lwalunamfuka futhi lubanda. Ukufa kwakukumfana.

Futhi wayelokhu ethi, "O, kumnyama kakhulu! Kumnyama kakhulu!"

Futhi ngathi, "Ukhuluma ngani na?"

144 Wathi, "Mfundisi," wathi, "yena ubecabanga ngeziningi zalezozinsuku manje, ukuthi uphandle olwandle olukhulu, ulahlekile." Wathi, "Akazi ukuthi uyaphi." Futhi wathi, "Yilokho okulimaza inhliziyo yami." Wathi, "Uyahamba, futhi ulahlekile, phandle olwandle, futhi akazi ukuthi uyaphi." Wathi, "Mfundisi, ngikhulekile. Ngenze konke. Ngenze konke. Angifuni alahleke, mfundisi." Futhi wathi, "Yingakho bengikade ngikhuleka."

Ngathi, "Anti, yini engalungile ngomfana na?"

145 Wathi, "Ugconsula ivenereal. Indoda engudokotela isevele ishilo ukuthi uyafa, akukho okungenziwa." Futhi wathi, "Uqulekile. Ubekade elahlekile olwandle izinsuku ezimbili."

Wathi, "Uzomkhulekela na?"

146 Ngathi, "Anti, igama lami nginguBranham. Wake wezwa ngami na?"

Wathi, "Qhabo, mnumzane. Angikholwa ukuthi ngake ngezwa, mfundisi."

147 Ngathi, "Awu, ngizokuxoxela indaba." Ngathi, "Inkonzo yami ukukhulekela abagulayo."

Wathi, "Yiyo na?"

148 Ngathi, "Yebo." Ngase ngithi, ngamtshela ngebhanoyi lehlela phansi, nakho konke.

Wathi, "Ngabe yiqiniso lelo, mfundisi na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Awu, bengazi ukuthi Ubengeke angenzele phansi."

Ngathi, "Nikela umkhuleko, Anti."

149 Futhi wehlela phansi lapho, futhi ukhuluma ngomkhuleko! O, mfowethu, lowo ongcwele wayengakuthola kanjani ukubamba kukaNkulunkulu. Wakhuleka lapho, kwaze kwaqathaka izinyembezi emehlweni akhe.

Ngabheka phezulu. Futhi wayeqhubeka ehamba, "Uuu!"

Futhi ngathi, "Manje, Anti, ngizokhuleka. Wena ngokuhambisana nami."

150 Ngabeka izandla zami phezu kwezinyawo zakhe. Ngathi, "Baba waseZulwini, ibhanoyi lami selivele lihambile, ngokwazi kwami. Futhi lapha lomama omdala ompofu ubekhalela ingane yakhe. Futhi ngokwazi kwami, yilapho Ongiholele khona. Ngikhulekela ukuthi Uzoba nomusa kuye."

151 Futhi cishe ngalesosikhathi, ngamuzwa ethi, "Mama, o, mama!"

152 Wasukuma futhi wasula izinyembezi emehlweni akhe, wathi, "Yebo, s'thandwa. Ingane kamama izizwa ingcono na?" Uqala ukummbambatha ekhanda.

153 Wathi, "Mama, sekuya ngokukhanya ekamelweni. Sekuya ngokukhanya ekamelweni."

154 Uthando olukhulu! Lapho uthando lobuNkulunkulu seluveziwe enhliziyweni kaNkulunkulu, umusa omkhulu wawufanele usabele endaweni yawo. Uma ngicabanga, ukuthi umama ompofu lapho, ebambelele ngomkhuleko wakhe kuNkulunkulu, nakho konke lokhu! Futhi khona-ke kwenzekani na? UNkulunkulu, ngomusa waKhe; uNkulunkulu, ngesihawu saKhe, ubengakhipha ibhanoyi esibhakabhakeni futhi alibambe phansi, ukuphendula umkhuleko wompofu, ongazi lutho, owesifazane oyikhaladi, lapho uthando lobuNkulunkulu luveziwe. Akunandaba ukuthi wayempofu kangakanani, ukuthi wayemnyama kangakanani, ukuthi wayephuzi kangakanani, ukuthi wayeyini; lapho umusa wobuNkulunkulu uvezwa,

umusa omkhulu uzofanele uthathe indawo yawo. Lolo thando lwalowomama omdala lapho, ukuthi wakhala kanjani!

155 Nomfana, okumbalwa . . . Cishe eminyakeni emibili ngemva kwalokho, ngehla, futhi ngangisesitimeleni ngehla. Ngehla, futhi ngenyukela lapho ukuyozitholela ihembega. Babefune cishe amasenti angamashumi ayisikhombisa noma amashumi ayisishiyagalombili ngayo, ebhanoyini, futhi ngi . . . esitimeleni. Futhi ngangingakwazi ukulithenga cishe ngamasenti angamashumi amabili estendeni esincane. Ngehla esitimeleni, ngaqala ngehla. Kwakukhona ikepisi elibomvu, wathi, "Sawubona, Mfundisi Branham!"

Ngaqalaza. Ngathi, "Sawubona, ndodana."

"Awu," wathi, "awungazi na?"

Ngathi, "Qhabo, angikholwa ukuthi ngiyakwazi."

156 Wathi, "Uyakhumbula, cishe eminyakeni emibili edlule, ngenkathi wehla futhi wangikhulekela na? Nomama wami lapho na?"

Ngathi, "Uyilowomfana na?"

157 Wathi, "Yebo, mnumzane, Mfundisi Branham." Wathi, "Angiphulukisiwe nje kuphela, kodwa ngisindisiwe manje. Mina umKristu."

158 Umusa omkhulu! Yebo, mnumzane, mfowethu! Ngiyanitshela, lapho umusa . . . Lapho uNkulunkulu ebona uthando luvezwa, umusa uzofanele uthathe indawo yawo.

159 Emavikini ambalwa edlule, endlini yami, niyakukhumbula; abaningi benu, awu, ngenkathi leyo-oposamu endala ilele ngaphesheya lapho. Ngenkathi, le ntombazane encane ezansi lapha yayiminzise ingane yayo. Futhi ngenkathi uNkulunkulu eyinike ingane yayo; futhi yayingafuni ukuyikhulisa, futhi yayisonga ngoblakethe futhi yayiphonsa phandle lapho futhi yayiminzisa emfuleni. Ngathi, "Akuyena umama lowo. Lokho kuphansi kunenja. Isilwane besingeke sikwenze."

160 Futhi uma uthando olukhulu lukaNkulunkulu luzo, belungavezwa esilwaneni, lungavezwa kakhulu kangakanani-ke kowesilisa noma owesifazane na? Kunjalo.

161 Nalomama oposamu omdala ekhuphuka ngalowomgwaqana, niyayazi indaba. Nokuthi ungene kanjani, futhi walala lapho ezitebhisini zami, amahora angamashumi amabili-nane, mina ngingazi lutho ngisho ngakho.

162 UMfowethu Wood nabo behlezi emuva lapho, noDadewethu Wood, ngesihawu ngento, wathi, "Mfowethu Branham, kungani ukuyeka ihlupheke na? Naleyongane encane bandla ye-oposamu iphuza lolobisi oludala kuye; yena elele lapho, efile?" Wathi, "Awuzibulali ngani, Mfowethu Branham, noma ubhubhise umama omdala na?" Wayengafile nya. Wayekade . . .

Ubungamdushuza, futhi yena...ubungathola ukunyakaza kuphuma kuye.

Futhi, lapho, walala lapho ubusuku bonke.

163 Futhi ngosuku olulandelayo, uBecky omncane lapho, waphuma, wathi, "Babayi?" Awu, ngokusa okulandelayo, cishe emini, wathi, "Uzokwenzani ngaleyo oposamu, babayi na?" Wathi, "Bengikade ngicabanga ngayo ubusuku bonke."

164 Futhi ngathi, "Nami ngokunjalo, Becky." Ngehlela ekamelweni. Ngathi, "Qhubeka ubuyele emuva futhi hamba uyolala, s'thandwa. Kusesekuseni kakhulu ukuthi ungavuka."

165 Ngihlala phansi lapho elawini lami lokuphumula. Ngacabanga, "Awu,...?..." Ngacabanga, "Kuzofanele ngenze okuthile ngaleyo oposamu endala. Angazi ukuthi ngenzenjani."

166 Ngase-ke ngizwa iPhimbo, ngangokuthi ngangingaLilindele ngisho.

167 Khona lapho, ngenkathi ama-apula ehla ngalokhokusa, ngoMfowethu Hall, ngenkathi ephulukiswa, enomdlavuza. Khona lapho abagulayo nabahluphekileyo babephilisiwe. Ngangihlezi kwelincane, ilawu lokuphumula elidala.

168 Ngezwa iPhimbo lithi, "Ngimthumele kuwe. Ubelele njengenenekazi, amahora angamashumi amabili-nane, okwesikhathi sakhe sokuba akhulekelwe. Futhi awukaze usho izwi kiMi ngakho."

169 Ngathi, "Awu, bengingakwazi ngisho." Ngathi, "Awu, Uqonde ukuthi Uthumele leyo-oposamu lapho na?"

170 Ngacabanga, "Yini indaba ngami na? Ngabe ngikhuluma ngedwa na?" Ngazibamba ngiziphendula.

171 Ngaphumela lapho, uBecky omncane wayesalunguza ngomnyango. Ngahamba ngaya lapho. Leyo oposamu endala lapho; namazolo phezu kwayo yonke, nakho konke okunye. Ngathi, "Baba oseZulwini, uma uthumele leyo empofu, i-oposamu engazi lutho, uma Uyithumele lapha, ngandlela thize, ngi...faka enhliziyweni yami uthando ngayo, ngokuba ngumama, ukuthi bengingeke ngiyibulale, bengingeke ngibulale izingane zayo. Futhi umusa omkhulu, ukufundisa bonke abantu, ukuthi bebefanele bazi ukuthi, uyilethe lapha. Futhi, Nkulunkulu, ngiyakhuleka eGameni likaKristu, ukuthi Uzoyiphulukisa."

172 Naleyo-oposamu endala, nemilenze yayo igcwele izimpethu kakhulu, futhi ziyihudulele ngemva kwayo, yavuvuka kabili ubukhulu bayo; yasukuma ngalowo mlenze. Futhi yacosha lezo zingane, ephaketheni layo, yehla yadabula lapho njengokujwayelekile nje njenganoma yisiphi isilwane oke wasibona sihamba. Yaphenduka, kimi; njengokuthi ukuphenduka, ithi, "Ngiyabonga, mnumzane onomusa." Ngokwazi kwami, bajabule ngempela nezingane zayo namuhla.

173 Ngani na? Lapho uthando lobuNkulunkulu luvezwa, umusa omkhulu uthatha indawo yawo. He, mfowethu, dadewethu, kunento eyodwa kuphela ongayenza empilweni yakho, lokho ngukuthi, "Wothanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho," futhi ukholwe lonke iZwi Alishilo ukuthi liyiQiniso. Futhi lapho ufika ekupheleni kwendlela yakho, lapho ungeke usaqhubekela phambili, khona-ke owobuNkulunkulu, umusa omkhulu uzovezwa.

174 Bengingakhuluma kanjani naye, ngilele ngaleya, ngenkathi abakwaMayo Brothers sebengidelile, ngihlezi ohlangothini lwegosi laphaya, noMfowethu Cox ehlezi eduze kwami, emangala ukuthi kwakwenzekani. Angibange ngisakwazi nokukumela. Kodwa wathi . . .

